



Ikhompyutha ifana nengqondo yomuntu.


Iqokelela ulwazi iluthathe futhi isebenze ngalo.

Iyalugcina lolu lwazi iphinde ilubuyise uma seludingeka.




Ngesikhathi ikhompyutha isebenza ngalolu lwazi, siyaye sithi iyalucubungula.

Lolulwazi uma isilugcina, siyaye sithi ilugcina endaweni ezokwazi ukulugcina kuyo ukuze iluthole uma seludingeka.




Noma usuyicisha ikhompyutha, iyakwazi ukugcina ulwazi egumbini layo elithile ezokwazi ukuluthola kulo uma isifuna ukulusebenza. Le ndawo ibizwa nge-*hard drive.*

Le *hard drive* ivame ukutholakala ngaphakathi kuyo ikhompyutha.




Indukwana lena eyisicaba ebizwa nge-*flash drive* noma i-*flash stick* nayo igcina ulwazi njenge-*hard drive.*

I-*flash stick* isebenza ngokuxhunywa kukhompyutha.



Sisebenzisa izinhlelo ze-*software* ukuze sisebenze ngolwazi olukukhompyutha.

Lezi zinhlelo ze-*software* yizona ezicubungula ulwazi futhi zilugcine kukhompyutha.

Kunezinhlelo ezahlukene ukwenza imisebenzi ehlukene kukhompyutha.




Izindlela zokusebenza ezisetshenziswa kumakhalekhukhwini ohlobo oluphambili nazo ziyizinhlelo ze-*software*.

Igama elifushane elisetshenziswa ukuchaza izindlela zokusebenza kuthiwa i-*app*.




Kukhona ama-*app* asetshenziswa ukudlala imidlalo kanye nezinye izinhlobo zezinto zokuzijabulisa.



Ungagcina izincwadi eziningi kukhompyutha.

Amakhasi alezo zincwadi aphenywa ngokucindezela inkinobho noma ngokuhambisa umunwe esikrinini.



Ikhompyutha nokuxhumana kwi-inthanethi, kuyasiza kakhulu uma sitadisha.

Ungasebenzisa i-inthanethi ukuxhumana nothisha, ulalele futhi ubuke uma befundisa izifundo ezahlukene.



I-inthanethi ingaphinde ibe nobungozi.

Kufanele ucele umuntu omdala omethembayo ukuthi akusize uma usebenzisa i-inthanethi noma ungena kumawebhusayithi amasha.

## Imibuzo

1. Kuyini ukucubungula?
2. Ikhompyutha ilugcina kuphi ulwazi?
3. Nikeza isibonelo sedivayisi egcina izinto.
4. Izinhlelo ze-*software* zisisiza kanjani?
5. Kungani sidinga i-inthanethi lapho sisebenza kukhompyutha?
6. Chaza ukuthi kungani ikhompyutha ifana nobuchopho.
7. Thola mayelana nama-*app* amabili ongawasebenzisa ukuze uthuthuke ezifundweni zakho.
8. Yenziwe ngani iwebhusayithi?

Le ncwadi ingenye yezincwadi ezine eziwuchungechunge ezabhalwa ngenhloso yokweseka ukufunda ngobuchwepheshe bekhompyutha.

Iyingxenye yezinsiza zokufunda zeprojekthi yeZenex Ulwazi Lwethu ezabhalwa ngonyaka wezi-2021.